

KHOKHA ISIKWELETU ESISILELE MHLA ZINGAMA-29 KUNDASA UKUGWEMA IZINHLAWULO NENZALO

PRETORIA, ngoLwesine, 7 kuNdasa 2019 – Abakhokhintela basalelwe yizinsuku ezevile kancane kwezingama-22 ukuba bakhokhe izikweletu ezisilele ngoLwesihlanu mhla zingama-29 kuNdasa ukuze bagweme ukuhlawuliswa izinhlawulo nenzalo. Amaphepha okubuyisa intela asilele kumele athunyelwe ngokushesha.

Abakhokhintela belulekwa futhi bagqugquzelwa ukuba benze okulungile, ngendlela eyiyo nangesikhathi esifanele ngokuthi baqinisekise ukuthi zonke izikweletu zabo zentela zikhokhiwe ngaphambi kosuku olungumqamulajuqu, okunguLwesihlanu mhla zingama-29 kuNdasa, kuphinde kufakwe nawo wonke amaphepha entela manje.

Abakhokhintela bayaxwayiswa ukuthi kuzoba nokuminyana kwezohlelokuxhumana kanti bayanxuswa ukuba bakhokhe lingakashayi ihora le-12:00 mhla zingama-29 kuNdasa ukuze bagweme ukubambezeleka okungaba khona kuhlelokhumano, ikakhulukazi kulokhu okulandelayo:

- Ukuthunyelwa kwe-VAT kanye nezinkokhelo
- Ukukhokhelwa kwentela yempahla
- Ukukhokhelwa kwentela yesikhashana ku-CIT
- Izinhlelo zokukhokha ozenze nomnyango owengamela izikweletu wakwa-SARS

Uma ungaqinisekile ngokuthi ukweleta malini, noma ungakhokha kanjani, noma ungenza njani uma ungeke ukwazi ukukhokha imali ephelile ngaleso sikhathi noma uma ufuna ukwenza izinhlelo zokukhokha noma ungavumelani nemali okuthiwa uyayikweleta, sicela uxhumane nabakwa-SARS ngokushesha kule nombolo 0800 00 7277.

Khumbula, kuyicala lobugebengu ukungawabuyisi amaphepha entela ngesikhathi afuneka ngaso, kanti ungathathelwa nezinyathelo zomthetho uma ungayikhokhi intela oyikweleta abakwa-SARS.

Ziningi izindlela zokuqoqa izikweletu ezikhona abakwa-SARS abangazisebenzisa ukukuphoqelela ukuba ukhokhe izikweletu sentela kanti lezi zindlela zibandakanya lezi:

- Ukuqoqa isikweletu enkampanini ekugcinela imali egameni lakho ngokusebenzisa umuntu wesithathu i-[Third party Appointments](#) okungaba umqashi, ibhange noma ikhasimende.
- Ukukhipha isinqumo senkantolo kanye nokufakwa kwegama lakho kwabanamgama amabi
- Ukudliwa nokudayiswa kwempahla yakho.
- Ukuthola umyalelo wenkantolo ngokugcina izimpahla zakho
- Uma unezimpahla ezingaphandle kwakuleli, kungatholakala umyalelo wenkantolo ozobe uyalela ukuba izimpahla lezo zibuyiswe eNingizimu Afrika kanti ngaleso sikhathi ungase unqindwe ilungelo lakho lokuhweba noma lokuvakasha
- Liquidating or Sequestrating your Estate.

Uma uhlangabezana nezinkinga sikhuthaza ukuba uxhumane nathi ukuze ugweme ukuthathelwa nasiphi isinyathelo kwezibalulwe ngenhla.

Imininingwane ebalulekile yokuxhumana:

- Isikhungo sokuxhumana sakwa-SARS: 0800 00 7277
- Inombolo yocingo uma kukhona okusolisayo okumayelana entela nenkohlakalo: 0800 00 2870
- Ifomu lokubika okusolisayo nge-inthanethi liyatholakala: www.sarsefiling.co.za